



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**LWEZI 2023**

**AMAMAKI: 80**

**ISIKHATHI: Amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi angama-32.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

1. Fundisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha LINEZIQEPU EZINTATHU:

ISIQEPU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPU B:	Inovel/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPU C:	Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI.  
INKONDLO ENGAMISELWE – UPHQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPU C (UMDLALO).

- Phendula KUPHELA umbuzo wenoveli/ubuciko bomlomo kanye nomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

**6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO**

- Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni maybe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana naleso ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:  
  
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40  
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55  
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

**OKUQUKETHWE**

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethi imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO**

Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo **EMIBILI**.

INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Idwala LikaShaka'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Ucu Olumhlophe'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'We Sinximfi Ndini!'	Umbuzo omfushane	10	8
4. 'Isiziba Senhlakanipho'	Umbuzo omfushane	10	10

**KANYE**

Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.

5. 'Ukuthelelana'	Umbuzo omfushane	10	11
-------------------	------------------	----	----

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye nowodwa ESIQESHINI C.

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

**INOVELI:** Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.

6. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omude	25	12
7. Bengithi Lizokuna	Umbuzo omfushane	25	12
8. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omude	25	14
9. Usumenyezelwe-ke Umcebo	Umbuzo omfushane	25	14
10. Kunjalo-ke	Umbuzo omude	25	16
11. Kunjalo-ke	Umbuzo omfushane	25	16
12. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omude	25	18
13. Impi Yabomdabu Isethunjini	Umbuzo omfushane	25	18

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO:** Phendula umbuzo OWODWA kulobu buciko bomlomo obumiselwe.

14. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omude	25	20
15. Uju Lwezizukulwane	Umbuzo omfushane	25	20

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

**Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.**

16. Kudela Owaziyo	Umbuzo omude	25	24
17. Kudela Owaziyo	Umbuzo omfushane	25	24
18. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omude	25	27
19. Awuwelwa UMngeni	Umbuzo omfushane	25	27
20. Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omude	25	30
21. Ubhuku Lwamanqe	Umbuzo omfushane	25	30

**QAPHELA:** Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emifushane.

**Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.**

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethi ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: IZINKONDLO (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: INKONDLO (Engamiselwe)	5	1	
B: INOVELI (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–13	1	
B: UBUCIKO BOMLOMO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–15	1	
C: UMDLALO (Umbuzo omude NOMA omfushane)	16–21	1	
<b>QAPHELA:</b> ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.  ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.			

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO****IZINKONDLO EZIMISELWE**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**IDWALA LIKASHAKA – JM Sikakane**

- |    |                      |
|----|----------------------|
| 1  | Yidwala likaShaka    |
| 2  | EliseSibubulungu,    |
| 3  | Elaahlul' abelungu   |
| 4  | Ukuliqhephula.       |
| 5  | Yidwala likaShaka    |
| 6  | Elengamel' ulwandle  |
| 7  | Kuhle kwenkos' imele |
| 8  | Imikhosi yempi.      |
| 9  | Yidwala likaShaka    |
| 10 | Elabikezel' umLungu, |
| 11 | Nempela wathi lungu  |
| 12 | Emanzin' olwandle.   |
| 13 | Yidwala likaShaka    |
| 14 | Elalibuk' amabutho   |
| 15 | Ezam' ukwenz' ufutho |
| 16 | Kumadlamb' olwandle. |
| 17 | Yidwala likaShaka    |
| 18 | Eligezw' amagagasi,  |
| 19 | Won' adl' aMaqaqasi  |
| 20 | Ejutshwa yiLembe.    |
| 21 | Yidwala likaShaka    |
| 22 | Eliyiseyisisekelo.   |
| 23 | Liseyisizekelo       |
| 24 | NgoShaka kashayeki.  |

Ake uncome ikhono lembongi lokusebenzisa imifanekisomqondo ukuggamisa umqondo wale nkondlo.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama ayi-190 kuya kwangama-240.

[10]

**UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UCU OLUMHLOPHE – CT Msimang**

- 1 Kwakhethw' uzi oluwusinga lobumhlophe;  
 2 Kwaqokw' ubuhlal' obugabis' ubumhlophe;  
 3 Yeka leyo minjunju yothando kutshutshwa,  
 4 Luny' uhlamvu lwestiqalo nolwesiphetho,  
 5 Lolu cu alunasiqalo nasiphetho.
- 6 Ngamehlwana amhlophe luthi cwayicwayi;  
 7 Ngamehlwana amsulwa luthi phayiphayi;  
 8 Lungumhlanganisi kanye nomxhumanisi,  
 9 Luyisibopho sezifungo isibili;  
 10 Luyisizinda sezinhliziy' ezimbili.
- 11 Uzi oluqlanganise la maqanda wolwazisa,  
 12 Ungaluphatha gadalala luyogqashuka,  
 13 Ubuqlalu koba yisanhlaka senhlakanhlaka,  
 14 Kochitheka uphoka lwakwamfazi!

- 2.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni wesi-2. (1)
- 2.2 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI ukuthi umugqa wesi-3 kuya kowesi-5 uyigqamisa kanjani indikimba yale nkondlo. (2)
- 2.3 Ngabe impindamqondo etholakala emgqeni wesi-6 kuya kowesi-7 ikwelekelele kanjani ukuqonda umoya wale nkondlo? (2)
- 2.4 Iyini inhloso yembongi ngokusebenzisa imvumelwanosiqalo emgqeni we-11 kuya kowe-13? (2)
- 2.5 Hlaziya isigqi esitholakala kule nkondlo. (3)  
**[10]**

**UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**WE SINXIMFI NDINI! – MSS Gcumisa**

- 1 Qhumuk' uhlake
- 2 We Sinximfi ndini!
- 3 Uyisigqila somona,
- 4 Umon' ongumthakathi.
  
- 5 Yithi klibhi klolo
- 6 We Sichwensi ndini!
- 7 Ayisengangamlomo
- 8 Bakubonil' abanamehlo.
  
- 9 Nximfa unximfile
- 10 We Sinximfi ndini!
- 11 Uyozuf' usongizandla,
- 12 Uyozuf' ungahlabananga.
  
- 13 Ngifel' umona
- 14 We Sifamona
- 15 Wen' ophila ngokwethekela
- 16 Abanye bephila ngezithukuthuku.
  
- 17 Cekeful' uzelidise
- 18 We Sicekefuli ndini!
- 19 Wen' obon' olwam' ugongolo,
- 20 Ucashelw' olwakh' usibi.
  
- 21 Gubhela kwesakho
- 22 We Gubhela ndini!
- 23 Kuhlafun' owakh' umhlathi
- 24 Eyabany' ingahlafuni.
  
- 25 Ngibamb' emehlwani
- 26 We Qili ndini!
- 27 Uthi lala lulaza
- 28 Bayokwengul' abakwengulayo.
  
- 29 Ngikhohlikohlise
- 30 We Sikhohlisani!
- 31 Uthi kulele ngakunye
- 32 Kanti kulele ngaku bili,
  
- 33 Ngiluth' ungithonye
- 34 We Sithonyi ndini!
- 35 Abant' abayi nganxanye
- 36 Bengemanz' egobhoza.

37 Ngenzel' ugomo lophonjwana  
38 We Liphixiphixi ndini!  
39 Bangiwezil' abangangifeli mona,  
40 Sengize ngahlabana sengikhohliwe.

- 3.1 Tomula imvumelwano etholakala ebinzeni loku-1. (1)
- 3.2 Chaza kafushane umqondo oqukethwe yibinza lesi-2. (2)
- 3.3 Chaza umyalezo otholakala ebinzeni lesi-3. (2)
- 3.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti emgqeni we-15 kuya kowe-16? (2)
- 3.5 Ngokwakho ukubona ngabe imbongi ilusebenzise ngempumelelo uphawu oluwumbabazi kule nkondlo? (3)  
**[10]**

**UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIZIBA SENHLAKANIPHO – EJ Mhlanga**

1 Sizib' esijulile Njulase,  
 2 Ngiphum' emzini kababa,  
 3 Kusempondozankomo ngovivi lokusa,  
 4 Ngithwel' izihlabath' ekhanda,  
 5 Kwathiw' angonyus' amaqele,  
 6 Ngiyoncel' amanzi ngobhaqa;  
 7 Ngisuthisa wena Nzibase.  
 8 Kunamuhla lokhu ngisahamba,  
 9 Ngisathulula lesi sihlabathi,  
 10 Engisigeza ngamanz' omfula,  
 11 Olokhu kwasa ugobhoza.  
  
 12 **Uyimpambankwici weNjulase,**  
 13 Ngokuhlomel' ekudepheni.  
 14 Buph' ubunzulu bakho  
 15 Lapho ngohlala ngiphumule,  
 16 Nginethezeke ngobuqhawe;  
 17 Lokh' ungafun' ukujula  
 18 Oseku ngixabanise nowethu,  
 19 Engabashiy' osebeni,  
 20 Bezdobel' inhlanzi ngodobo.  
 21 Ngiyokuthola nin' ukuphumula,  
 22 Komzimb' osufohlok' umhlandla,  
 23 Ngithungathana nenjulo yokudepha  
 24 Kwakho Nzuluse?  
 25 Sizinda sami ngiyophephelaphi,  
 26 Uma ngingaphepheli kuwena?  
 27 Hleze ngothi sengiyithongo,  
 28 Basale bedalul' imfumbe  
 29 Yobunzulu bakho siziba,  
 30 Ngoba namuhl' uyimpicabadala.

- 4.1 Nikeza umoya otholakala ebinzeni loku-1. Sekela impendulo yakho. (2)
  - 4.2 Xoxa kafushane ngomqondo ocashile otholalakala emgqeni wesi-8 kuya kowe-11. (2)
  - 4.3 Ucabanga ukuthi ukukhethwa kwegama elibhaliwe ngokuggqamile emgqeni we-12 kukwelekelele kanjani ukuqonda le nkondlo? (2)
  - 4.4 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa i-enjambamenti emgqeni wama-23 kuya kowama-24? (2)
  - 4.5 Hlaziya ukusetshenziswa kwethoni emgqeni wama-27 kuya kowama-30. (2)
- [10]**

**KANYE**

**NENKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)****UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)**

Fundisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UKUTHELELANA – MD Buthelezi**

- 1 Simakade, Somandla, Nhlalamafini,  
 2 Uzwa ubuhlung' onqamlezweni,  
 3 Izingalo zileng' esiphambanweni;  
 4 Izinyawo zigwaz' izipikili  
 5 Wabekezela, usifundis' ukuthethelelana.
- 6 Izinhlangothi zivuz' igazi,  
 7 Ekhand' uthwel' umqhele wameva,  
 8 Wena awusijezisanga, awusiqalekisanga  
 9 Wabekezela, usifundis' ukuthethelelana.
- 10 Wahlahla yona inyathuko,  
 11 Wasibekela sona isibonelo;  
 12 Wasifundis' ubumqoka  
 13 Bokuthelelana amanzi.
- 14 Lapho singaboni ngokufana,  
 15 Lapho siphambana ngokuvumelana;  
 16 Z'usikhumbuze njalo Nkosi  
 17 Ubumqoka bokuthethelelana.

[Icashunwe: Imibengo – AT Kheswa & ETZ Mthiyane]

- 5.1 Tomula ifanamsindo elitholakala emgqeni woku-1 bese ugagula uhlolo lwalo. (2)  
 5.2 Nikeza umqondo oqukethwe umugqa wesi-6 kuya kowesi-7. (2)  
 5.3 Iyini inhloso yembongi yokusebenzisa isikhawu/isizura emgqeni wesi-8? (2)  
 5.4 Chaza umqondo otholakala kule nkondlo. (2)  
 5.5 Phawula ngokusetshenziswa kwempindwa kule nkondlo. (2)  
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPU A:** **30**

**ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO**

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo enikiwe.

**INOVELI**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle.

Fakazela lesi sitatimende ubhekise kokwenzeke kule noveli.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)*****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibya***

Fundisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA A**

'Ugade izigebengu phela baba. Ziyavutha bhe,' exwayisa ngelinokukhathazeka bandla, embukisisa uyise wesithandwa sakhe esukuma eya ngasemnyango. Usevele wezwa esenokumkhonza okuyisimanga nje nokukhululeka okukhulu uma enaye. Empeleni sekungathi kade bazana. Asekufisa nje ngukuba afezeke amaphupho akhe okugcina esengumalokazana wakwakhe. Uma nje kungatholakala uMhlensi!

5

'Kanti-ke kangiyi kude, ngizoma lapha efoya nje, kengishaywe kahle ngumoya oheleza phandle. Ngisafuna nokushayela ekhaya ngizwe ukuthi kuhamba kanjani emsebenzini, ngikwazi nokuhleba ngomakoti wakwami,' esho ehleka eyibuka intokazi eyayisalokhu iyinhle nanxa yayisinezimpawu zokukhathala.

'Hawu, yihlazo lelo, ubabezala ahlebe ngomakoti!' esho ehleka noNontobeko ebuka 10 uNgidi eyophuma ngomnyango.

Nebala waphuma uNgidi, wabamba ikheshe, waze wayothi cababa ezansi. Waqonda ezihlalweni ezinofozelayo ezilapha efoya yehhotela, wahlala, wakhipha iselula yakhe, wasishayela isithandwa sakhe.

'Hello s'thandwa,' ebingelela ngokunqikazi ngenkathi lubanjwa ngalena. 15 Wayengenasiqiniseko sokuthi selubohle kanjani ulwandle obeludlobile ekuseni.

'Yebo,' kuvuma uNomalanga ngalena, kuzwakala nje ukuthi akakancibikali kahle ekucasukeni abeyikho begcina ukukhulumka ekuseni.

'Ngicela ukuqala ngokuphinde ngixolise bandla ngalokhu okwenzeke ekuseni,' kuncenga uNgidi ngezwi elidabukisayi.

20

'Ngilalele, khuluma.'

'Ngenziwa yizinkinga s'thandwa, ziqhamuka esikhali, zenze **umuntu adunyelwe yikhanda.**'

'Akhohlwe nabantu abamthandayo?' ebuza ngokucikeka.

'Hhayi ukuthi usuke ebakholiwe. Kangikukholiwe, into nje le nkinga ...'

25

'Kawukangitsheli nokuthi yinkingani leyo esikwenze wabona ngingabalulekile ngaleyo ndlela.'

'Bengithi ngizoyixoxa kahle kusasa sesibonana.'

'Uma ucabanga sisazokwazi ukubonana?'

'Hawu s'thandwa ukhuluma kanjani uma ukhuluma kanje? Ngicela ukukubona bandla, 30 ngikuchazele ukuthi ngibekwa yini lapho eThekwini.'

'UseThekwini?'

'Yebo s'thandwa. Ngizobuya kusasa.'

Kwake kwathuleka umzuzwana, uNgidi esekhumbula ukuthi konje ubengalitholanga ithuba lokusho kwandaba yokuya eThekwini leyo, uNomalanga yena esacikwe ukuthi uNgidi usengahamba aye kude kangaka engashongo, engasathumeli na-sms nje eshoyo. Kusho khona ukuthi ...

35

'Hhayi-ke bengingakwazi nalokho ukuthi useThekwini.'

[Isahluko 6, ikhasi 98–100]

- 7.1 Gagula umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
  - 7.2 Nikeza isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabi sihle phakathi kukaNgidi noNomalanga ngokwalesi siqeshana. (2)
  - 7.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU imiphumela yezenzo zikaSbu zokuba nezintombi eziningi ezindaweni ezahlukene. (3)
  - 7.4 Nikeza okufanayo phakathi kukaNontobeko noNgidi mayelana nokuthuthukisa indikimba yale noveli. (3)
  - 7.5 Qhathanisa isigameko sokushaywa kukaXolani kanye nesokushaywa kukaZakithi kule noveli. (3)
  - 7.6 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umfokaNhlumayo kule noveli? (2)
  - 7.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile anamthelela muni ekuqondeni lesi siqeshana? (2)
  - 7.8 Ucabanga ukuthi uthando lukaNkululeko ngoNontobeko lunamthelela muni emndenini wakubo kaNkululeko? Sekela impendulo yakho. (3)
  - 7.9 Ngabe ukuziphatha kukaNomalanga kulesi siqeshana kwamukelekile yini kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
  - 7.10 Uyazwelana yini noLungile mayelana nokuqonywa kukaXolani? Yikuphi ongakwenza uma ungahle ubhekane nalesi simo? (3)
- [25]**

**UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mgadi**

Akubona bonke abantu abathi uma sebecebile bashintshe indlela abaziphatha ngayo.

Hlaziya lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)****USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mgadi**

Fundisia lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA B**

Elokuthela uMirriam ngoyaba Iwezinswelaboya lagxila engqondweni. Ukubonisana noMazibuko ngalo wakubona kuukuzichithela isikhathi nje. Wakhetha kona ukuba wutatalambu wesiziba esihamba buthule. Yamehlula eyedwa, walomela usizo lomyeni. Wayengathandabuzi ukuthi uMeyili wayemthanda, emehlula ngolimi. Ngakho wamfaka umoya, wamqquqquzelu ukuba kufunwe izindlavini ezazisothelekela uNomvula, zifike 5 zimbambe ngesidlozana zimdlise ngomuthi ohlanyisayo. UMeyili owayevele emehloluhlaza, eyilambele le mali, walilalelisa icebo lomkakhe, wagcina ngokulamukela.

Inkinga ngokusho kukaMaHadebe yayingekho. Nezigebengu zazingezukuthengwa nakude, sikhona sizelwe ekhaya. Kwaba wukuvumelana nje babiza indodana yabo yesithathu, uMahuzu owayeyisigebengu eGoli. Yatheleka emaNgwaneni ngokushesha. UMaHadebe owayeyisigebengu ngenhliziyo wabusebenzisa ubuthakathaka bayo bobugelekeqe ngokuphila ngokugqkeze, ukweba nokubulala labo abayizithikamezo empilweni yayo. UMahuzu owayeshaya ngeyezicebi imoto wayizwa incazeloo kanina ngomcebo kwayena awubona uysikhwebu esasidlala imfene. Njengoba naye 10 wayefuna ukuhlomula, akamfihlelanga unina ukuthi kwakungafa umuntu uma ezokwenziwa isiggila sokusebenzela inkosana yakwabo uBhekameva ayembiza ngesiphukuphuku 'sebhari' eyayazi kuphela imvilophi yomholo.

Imoto yabe seyehla yenyuka, uMahuzu elubopha eluqedu uzungu nezinye izigebengu. Dukuduku indodana yamhlebelu unina ezazimphatha uthotholwana. Kwakuzohanja 20 esontweni elalizoqalwa, ngezithuba zasekuseni, agcwelezwe kahle uMirriam besemsebenzini abelungu.

Kuzo lezo zinsuku futhi uMaNdelu esemthonjeni, walunywa indlebe yinkosikazi thize ayengayazi: 'Ungisize MaNdelu le mfihlo ungayithi vu. Nami ngiyitshelwe ngisedolobheni izolo umuntu waseMamfemfetheni othe indodana yenu lena njengoba uyibona igcwele iBergville ngemoto nje, izolayisha izigebengu kuyobulawa uNomvula. Uthi lo muntu nendodana yakhe bese iqashiwe kepha yabuye yagwiqika. Vuka ekuseni lokhu okusayo uye edolobheni uyoshayela uNomvula ucingo eposini, ukhulume naye umlomo nomlomo, umtshele ukuthi manje sesiphelile isikhathi sokusebenza. Akashiye umsebenzi lowo, abaleke ayobhaca lapho engase abhace khona. **Itshe limi ngothi nkombose kababa.** Uma ecabanga ukuthi uphephile, uyazikhohlisa. Yisigebengu lesi 25 uma ngabe anazi, umenzi wezinto eGoli. Siyamazi thina. Sihlala khona.'

[Isahluko 12, ikhasi 118–119]

- 9.1 Gagula umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.2 Nikeza isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabi sihle kulesi siqeshana phakathi kukaMaHadebe noMeyili. (2)
- 9.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU imiphumela yezenzo zikaMaHadebe yokuzizuzela umcebo kaNomvula. (3)
- 9.4 Nikeza okufanayo phakathi kukaMahuzu noMaHadebe mayelana nokuthuthukisa indikimba yale noveli. (3)
- 9.5 Qhathanisa isigameko sokushaywa kukaHlulintombi noDaffo nguGenyeza kule noveli. (3)
- 9.6 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguDicey kule noveli? (2)
- 9.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokuggamile anamthelela muni ekuqondeni lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 9.8 Ucabanga ukuthi umculo kaGenyeza waba namthelela muni ebudlelwaneni bukaChule noNomvula? Sekela impendulo yakho. (3)
- 9.9 Ngabe ukwenza kwenkosikazi eyahlangana noMaNdelu emthonjeni kulesi siqeshana kwamukelekile yini kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 9.10 Uyazwelana yini noNomvula nokuthandana noGenyeza isikhathi eside engamloboli? Yikuphi ongakwenza uma ungaHle ubhekane nalesi simo? (3)
- [25]**

**UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Ukungathembeki kwabantu uma besebudlelwaneni bezothando kuba nemiphumela engemihle.

Hlaziya ngokuhlolisa lesi sitatimende usiyamanise nokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundiswa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA C**

Kuthi xhifi enhliziyweni kamnumzane uKheswa. Azwakale esethi:

'Ngangivele ngishilo kodwa MaNdovela!' Asukume, aphume esecikekile eya endlini yabo yokulala. Basale bexoxa oDumazile benonina.

'Umbona ephuma nje uyihlo mntanami usecasukile.'

'Ucasulwa yini mama?'

'Ucasulwa wukuthi awusaqedanga ukufunda eMbumbulu phezu kwemizamo yethu engaka siwa sivuka, silala singadlile ngoba sithi senzela wena ukuba uqhubeke nokufunda. Uyihlo wayesenqumile ukuba ungaphindeli esikoleni ngonyaka odlulile.'

5

'Wayethi ngizohlala ekhaya ngenzeni?'

'Wayethi sewukhule ngokwanele manje.'

10

'Okusho ukuthini lokho?'

'Oyihlo laba baye bathathe wonke amawongowongo abawezwa ematshwali. Phela kule ndawo intombazane ithi ingahlosa amabele nje bese becabanga izinkomo.'

'Izinkomo zani mama?'

'Ukugana!'

15

Ahleke uDumazile. Wabe esethatha ethi, 'Pho wamguqula kanjani kulowo mqondo ma?'

'Ngavele ngabhoka ngakhahlela, ngathi mina anginayo nje ingane ezolindela umendo incane kangaka! Ngamtshela ukuthi umendo omuhle kufanele uyifice ingane ibe ifunda. Wabe eseyathamba-ke, wavuma ukuba uqhubeke nesikole. Kodwa yena wayefuna ukuba uyofunda eMzamo eXobho. Wayethi uyohlala kwababekazi wakho.'

20

'Egqilazana kanje ngomsebenzi ubabekazi ma!'

'Yingakho nje ngenqaba kuyihlo mntanami.'

'Wenza kahle ma!'

'Ngenza kahleni njengoba ungasaqedanga nje eMbumbulu?'

25

Ngiyazisa! Angizukulala-ke namhlanje ngiqlula amacala, uyihlo esina ngethambo lakho!'

Kuthuleke isikhashana, bese kuzwakala uMaNdovela ethi: 'Thatha nantiya ipuleti uziphakele imithanjana kabhatata ebhodweni.'

'Ngisuthi kabi ma! Wukuthi kade ngizigcingca ngamagwinya ebhasini!'  
'Woshi bo! Bewuwathathephi?'

30

'Bengiwathenge ngasemakethe komunye u-anti obewadayisa. Ngiwadle kakhulu ngacishe ngayokoza. Manje inhliziyo imnyama.'

'Washo ngabona khona mntanami ukuthi usuthi.' Lwamuthi heqe uvalo uDumazile. Wahleka inhlilini. Wocabanga ukuthi kufanele asibophisise isisu ukuze singabonakali ukuthi sesiqala ukuba sikhulu. Babe sebezixoxela nezinye izindaba kwaze kwashaya isikhathi sokuba baye kolala.

35

UMaNdovela wamfica umyeni wakhe engakazumeki. Kwakubonakala nje bo ukuthi **uThukela lugola izintethe.**

[Isahluko 2, ikhasi 25–27]

- 11.1 Gagula umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 11.2 Nikeza isizathu esenza ukuthi isimo senhlalo singabi sihle kulesi siqeshana. (2)
- 11.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU imiphumela yezenzo zikaDumazile zokuba nobudlelwano noSithole kanye noMoloi ngemuva kokushada noZuma. (3)
- 11.4 Nikeza okufanayo phakathi kukaDumazile noMoloi mayelana nokuthuthukisa indikimba yale noveli. (3)
- 11.5 Qhathanisa isigameko sokushaywa kukaDumazile nguMtalaselwa kanye naleso sokushaywa kukaMoloi nguSithole. (3)
- 11.6 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa ongubabekazi kaDumazile, uMaKheswa kule noveli? (2)
- 11.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokugqamile anamthelela muni ekuqondeni lesi siqeshana? (3)
- 11.8 Uocabanga ukuthi ukuqashwa kukaDumazile kwaSithole kwaba namthelela muni empilweni kaMaNzimande noMpisendlini? Sekela impendulo yakho. (2)
- 11.9 Ngabe ukuziphatha kukaMaNdovela kulesi siqeshana kwamukelekile yini kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 11.10 Uyazwelana yini noMaShandu mayelana nokunukwa nguDumazile? Yikuphi ongakwenza uma ungaHle ubhekane nalesi simo? (3)

[25]

**UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)*****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi***

Le noveli ikhuluma ngokukhulisa kwezingane emndenini onokuthula nenhlonipho kanye nasemndenini onokungezwani nokungahloniphani.

Hlaziya ngokuhlolisa lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kule noveli.

Impendulo yakho maybe yi-eseyi ehleleke kahle ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)*****IMPI YABOMDABU ISETHUNJINI – JC Buthelezi***

Fundisa lesi siqeshana senovelis bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA D**

'Sizobagcina oHlanganisani, u-Uzithelile noMaKhumalo. Singabe sibangcwaba bephila abantabomntanami uma sibasa kwaNgubane ko-BA eMlazi.'

'Usho njalo baba?' kubuza uMaKhumalo engakayitholi neze indaba kaBafana.

'Yebo ngisho njalo nina kaBangizwani. Lezi zingane zizohlala nathi, zifunde khona lapha eShowe, zithi seziqedile ziyo-funda oNgoye ukuze ziyiphaphamise indawo 5 yakithi, futhi zingenise nesinkwa kuleli khaya, emndenini wakithi nasemphakathini wakithi. Sizodla ngalezi zingane thina kanye nezizukulwane ezizayo. Uma imfundo ingasho lokho mkami, mina ngibona sengathi leyo mfundo ifile. Bheka nazi izihlahla ezatshalwa ngoHlanganisani no-Uzithelile. Bathi izithelo zazo zodliwa zindimbane zabantu abasebenza emshinini wephepha eManden. Nami angazi ukuthi lezi zingane 10 zazi ngani ukuthi thina sisasebenza eManden sasidla inyule, imbunyane, uphuthu nesitambu. Sasingalokothi sidle izithelo. Namanje angazi ukuthi abahleli bokudla kwethu babengasifikeli ngani izithelo. Sizohlala nazo lezi zingane mkami.'

'Kodwa sizozikhulisa ngani nje thina lezi zingane? Thina sobabili asisasebenzi, siphila ngemali yempesheni. Nasi isimoba sethu siyatetema, izincwadi zesikole ziyadula, futhi nezifo zihlasele yise kaBangizwani. Eya Ngoye yona angiyicabangi nokuyicabanga. Singethi sehluleka ukukhokhela ibhasi lezingane zesikole ziyodlala eManden bese sikwazi ukukhokhela imfundo yasoNgoye.'

'Anginakuyiphendula imibuzo yakho Ntungwa elihle. Eminingi imibuzo emhlabeni singeyiphendule thina ngobumpumputhe bethu. Thina esingakwenza ngukuba 20 siyidlusele koyimpendulo nomazi wayo yonke imibuzo.'

Yena uthi: 'Bhekani ukuthi izingwababana azihlwayeli, azivuni, azinaxhiba nanqolobane, kepha uNkulunkulu uyazondla, nina nizidlula kakhulu kangakanani izinyoni.' 'Yebo izinyoni azivuni, azitshali kodwa ziyesutha. Namuhla ngithe nje ngazithela phezu kuka-Uzithelile elwa.'

'Awu kahle baba. Ubelwa nobani namuhla u-Uzithelile?' kubuza uMaKhumalo eshaya izandla. 'Le ngane izosihlaza emishini uma ivama ukulwa, kungathi Yingane eluhlaza yasesikompulazi. Ubeselwa nobani manje u-Uzithelile? **Sengiyabona ukuthi yini kanti ebengincisha amehlo.** Ubeselwa nobani manje?'

'Ubelwa naleli bhobhodleyana lakwaKubheka uKhanjana.'

5

10

15

20

25

25

30

[Isahluko 3, ikhasi 45]

- 13.1 Gagula umoya otholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.2 Nikeza isizathu sokuba isimo senhlalo singabi sihle kulesi siqeshana. (2)
- 13.3 Chaza kafushane ngamaphuzu AMATHATHU imiphumela yezenzo zika-*Euthenasia* emndenini kaMaXakushe. (3)
- 13.4 Nikeza okufanayo phakathi kukaMaKhumalo noCele mayelana nokuthuthukisa indikimba yale noveli. (3)
- 13.5 Qhathanisa isigameko sokuhamba kukaNgubane kwaMaMthimkhulu eLa-Lucia kanye naleso sokuhamba kwakhe kwaMaMthunzi, eMadadeni. (3)
- 13.6 Iyini inhloso yombhali yokusebenzisa umlingiswa onguKhanjana kule noveli? (2)
- 13.7 Ngabe amazwi abhalwe ngokuggamile anamthelela muni ekuqondeni lesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.8 Ucabanga ukuthi indlela yokuphila ngokungabambisani emzini kaNgubane inamthelela muni emndenini wakhe? Sekela impendulo yakho. (3)
- 13.9 Ngabe ukuziphatha kukaMaKhumalo kulesi siqeshana kwamukelekile kuwe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 13.10 Uyazwelana yini nomlingiswa onguMaXakushe mayelana nokuxoshwa kwakhe emsebenzini? Ukube kwakunguwe ubhekene nalesi simo wawuyokwenzenjani? (3)
- [25]**

**NOMA**

**UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba***

Phendula umbuzo OWODWA.

**UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**

Ubuciko bomlomo buveza ukuthi kukhona abaphumelelalo empilweni ngokusebenzisa ubuqili.

Xoxa ngobuqili obuvezwe ezingxenjeni zobuciko bomlomo obulandelayo:

Inganekwane: Inkinga yeselesele

Izibongo: Isiqhingi sase-Ruben Island.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impendulo yenganekwane nezibongo.

[25]

**UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)****INGANEKWANE: 'UNOGWAJA NEBHUBESI'**

Fundisa lezi ziqeshana ezilandelayo zezinganekwane bese uphendula imibuzo ehambisana nazo.

**ISIQESHANA E**

**Umxxi:** Kwesukasukela ...

**Abalaleli:** Cosu!

Kwakukhona unogwaja owayehlala ehlathini nezingane zakhe ezimbili. Unogwaja wayethanda ukuhambahamba nezingane zakhe ehlathini ezifundisa indlela yokuziphatha ehlathini ngoba kunezingozi eziningi. Unogwaja wayenezitha ukwedlula zonke ezinye izilwane ehlathini. 'Iningi ionogwaja lifa liselincane ngenxa yokwanda kwezitha,' wayeziyala kanjalo izingane zakhe unogwaja. **'Asikho esinye isikhali onaso ngaphandle kokuhlakanipha, kumele nikwazi ukushesha niyisebenzise ingqondo, ikakhulukazi lapho nisenkingeni,'** waqhubeuka ngokuyala unogwaja.

Kuthe ngelinye ilanga besazihambela njalo ehlathini bezwa umsindo owabethusa bonke. 'Hhi! ... Hhi! ... Hhi! ... Hhi!' Umsindo wawuqhamuka ngasemfuleni. Ajombe unogwaja ame aqalaze. Kusale okuyizingane kuqube phansi. Aqalaze ephindelala unogwaja, yize engaboni lutho. Umsindo osholo phansi uyaqhubeuka njalo.

'Wozani zingane siqhubeke nohambo lwethu,' washo unogwaja eqhwesiba izingane. 'Kufanele sihambe ngokucophelela, kukhona okungalungile lapha ehlathini,' waqhubeuka unogwaja ejeqeza macala wonke.

Babehamba ngokunyonyoba babuye bame baqalaze futhi balalelisise umsindo. Ngisho nezingane zazilingisa unina ekuhambeni ibangana zibuye ziphakamise izinyawo zangaphambili zime ngezasemuva ziqaqala. Bathi besahamba onogwaja bazithela ehubesini elalilele ngohlangothi phansi.

'Hhiiii!' Usho umsindo kube sengathi kundindizela izulu. Yibhubesi eligugile leli, libanjwe yisihibe, alikwazi ngisho nokunyakaza. Sekuguge utshani kanye nezihlahla lizabalazela ukuphunyuka kodwa cha, akuphunyukeki.

'Ngisize nogwaja, ngafa!' Kumemeza ibhubesi ngephimbo elihoshozelayo. Zijombe izingane zize ziyma ngemuva kukanina.

25

'Hhi!' Ibhubesi livusa ikhanda libuye lilale phansi.

'Ungibizelani?' Unogwaja ebuza eqalaza macala wonke.

'Ngicela uzongiqaqa,' ibhubesi likhulumu linqamukelana. Aqalazise unogwaja, kungenzeka ukuthi nakuba leli bhubebesi libambekile, kukhona elinye elicashile eduzane.

30

'Sengihlale lapha ngibambekile inyanga yonke futhi ngingadli lutho. Abadlulayo bezophuza amanzi abafuni ukungikhumula.'

[Ikhasi 92]

## KANYE NE

### ISAGA:

Injalo ipuma edunjini.

**INCAZELO:** Ingane ifuza abazali bayo ngezenzo ezinhle noma ezimbi.

- |      |   |     |
|------|---|-----|
| 15.1 | Sizathu sini esenza unogwaja akhathazeke ngokwalesi siqeshana?  | (2) |
| 15.2 | Chaza kafushane isimo senhlalo esitholakala kule nganekwane.  | (3) |
| 15.3 | Qhathanisa ukuvezwa komlingiswa oyibhubesi kanye nomlingiswa ongunogwaja ngokwale nganekwane.           | (2) |
| 15.4 | Chaza ukuthi lesi saga esingenhla sihambelana kanjani nokwenzeka enganekwaneni.                         | (3) |
| 15.5 | Xoxa ngobuqiniso bamazwi abhalwe ngokugqamile kule nganekwane bese usekele ngokwenzeka kule nganekwane. | (3) |

**ISIQESHANA F****IZIBONGO: IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI**

1 INgqungqul' eshay' amaphiko phezu koMvoti,  
 2 Kwanyakaz' abamhloph' abeLungu,  
 3 Kwathi i-American Board  
 4 Yamthwesa isicoco.  
 5 Abelungu bakufundisa ulim' Iwenkomo kaHaga  
 6 Kant' uzobaphendukela eziswini njengotshwala.  
 7 Umkhombi wendlela ayikhathule,  
 8 Umhambi wendlela ayikhombile.  
 9 Ongagcinanga ngokuyikhomb' inkululeko,  
 10 Kodwa wayifaka wayitshikitshela,  
 11 Indlela yenkululeko.  
 12 Ngiyasesaba isibindi sakho weMandlanduna!  
 13 Ndlovu kayibhekeki.  
 14 Ndlovu edel' ukubusa  
 15 Yaqoma ukuhlupheka.  
 16 Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo  
 17 Babeyixokozelela abasekhaya,  
 18 Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,  
 19 Babeyihlanganisela abasezitheni.  
 20 Nanamhlanje basakhexile ngeNobel Peace Prize.  
  
 21 Mqali wezindlela ezenyukelayo,  
 22 Mqali wezindlel' eziya ku-1994,  
 23 Uyibekile induku ebandla, wabashaya engeqiwa ntwal' abaMhlophe,  
 24 Mandlanduna awuseyikubhubha.  
  
 25 Inkosi evivise ngepensela,  
 26 AbeLungu bevivisa ngemijoantaba.  
 27 Wabengul' inkung' abakithi,  
 28 Kwath' abeLumbi wabagez' ubebebe,  
 29 Sewungenisile mfo kaMvumbi.  
  
 30 Zaziyishumi kuZibandlea 1961,  
 31 Bekwethwesa imyezane yokuthula,  
 32 Kwamangala umhlaba wonke,  
 33 Awusalweli uKhongolose kuphela,  
 34 Awusalweli ama-AFRICA KUPHELA,  
 35 Sewulwela umhlaba wonke.  
 36 Uyingqwayingqwayi, uyingqonyela!

**KANYE**

**NEHUBO: NOMA KUNZIMA****Igosa:** Noma kunzima**Abasebenzi:** Siyaya noma kunzima, siyaya.**KANYE****NESIPHICAPHICWANO:**

**Umpfici:** Ngikuphica ngomkhwenyana wami ongathwali masudu kodwa owashintsha ewashintshile.

**Impendulo:** Unwabu

**Incazelo:** Unwabu lushintsha umbala walo izikhathi zonke uma luhamba.

- 15.6 Tomula umugqa osebinzeni loku-1 ochaza ukuthi inkosi uAlbert Luthuli yanqoba. (1)
- 15.7 Nikeza isithakazelo senkosi uLuthuli esisebinzeni loku-1. (1)
- 15.8 Chaza kafushane okushiwo yizibongo zenkosi uLuthuli emgqeni wesi-5 nowesi-6 kanye nokushiwo isiphicaphicwano esibhalwe ngenhla. (2)
- 15.9 Chaza ubudlelwane bezibongo zenkosi uLuthuli kanye nehubo elibhalwe ngenhla. (3)
- 15.10 Chaza umqondo owethulwa izibongo zenkosi uLuthuli emgqeni wama-25 kuya kowama-29. (3)
- 15.11 Phawula ngokusetshenziswa kokuxhumanasiqalo emgqeni wama-33 ukuya kowama-35. (2)
- [25]**

**AMAMAKI ESIQEPU B:** 25

**ISIQEPHU C: UMDLALO**

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

**UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

'Ukuzicabangela wena wedwa kungaholela ekutheni umuntu alahlekelwe izinto eziyigugu kuye.

Hlaziya ngokuhlolisa lesi sitatimende ubhekise kulo mdlalo

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgommo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA G**

(*Emini, kuvulandi wendlu kaMdaluli, umkakhe uMaMlanduli nezingane zabo bahlanganise amakhanda*)

**MDALULI:** (*Uhleka sengathi akathandi*) Ngiyathokoza ukuphinde ngibonane nani mndeni wami emveni kwezinsukwana sihlukene ngenxa yesizathu leso nani enisaziyo.

5

**MAMLANDULI/ LONDIWE/ KHOMBEPHI/ NENELEZI:** (*Kanye kanye bekhombisa ukuthakasa*) Nathi futhi siyathokoza baba.

**MDALULI:** (*Uhleka inhlinini*) Kodwa-ke phela kukhona iqiniso okumele nihlale nilazi kumbe-ke nginikhumbuze lona uma kuya ngoba senilikohohliwe.

**MAMLANDULI/ LONDIWE/ KHOMBEPHI/ NENELEZI:** (*Kanye kanye, bemangele*) Qiniso lini lona lelo baba?

**MDALULI:** **Izinkunzi ezimbili zingehlale esibayeni sinye ...**

10

**MAMLANDULI:** (*Enqekuzisa ikhanda*) Yiqiniso lelo baba.

**KHOMBEPHI/ NENELEZI:** (*Ngokushiyana kwamazwi*) Washeshe wavuma nje mame ungakezwa nokuthi ubaba uwagudliselaphi la mazwi akhe. Uyazi ukuthini?

**MDALULI:** (*Kanye kanye*) Thina sisadidekile.

15

**MDALULI:** (*Ngezwi eliphakeme*) Musani ukudidwa yinto esobala zibe zikhona izinto ezixakile okufanele ngabe zinilethela ukudideka. Mina nendodakazi yami uLondiwe sibanga ubukhulu kulo muzi, kusobala-ke ukuthi sonke sesingomakhonya izinkunzi ezimalundalunda. Sekumele kucace-ke manje!

20

LONDIWE:	(Amqwebulele amehlo, umangele) Ukuthini?	
MDALULI:	(Ngezwi lokubhavumula) Impendulo yalowo mbuzo wakho ilula kakhulu ndodakazi; osekumele kucace manje wukuthi iyiphi ngempela inkunzi ekhonyayo futhi enomhlwenga lapha ekhaya phakathi kwami nawe. Ngaleso sizathu-ke ngithi qoqa konke okungokwakho okukulo 25 muzi Londiwe uphume uphele kuleli gceke ugcwale amathafa ...	
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	(Kanye kanye, sebeqwebule amehlo) Hawu!	
LONDIWE:	(Usebuyise izinhlonze, usegqoloze uyise) Ini? Angizwanga wumoya!	
MDALULI:	(Ngobudlova) Ingani ngikhuluma nawe nje? Ufuna ukubonani kanti? Ngithi angisakufuni kulo muzi ngakho-ke qoqa onke amasakana akho 30 ubone ukuthi ulibhekisaphi nezwe.	
LONDIWE:	(Ngolaka) Ayikho leyo nto!	
MDALULI:	(Ngokufutheka) Hheyi wena! Yini engekho manje? Ngithi kukhona okude kusina kukujeqeza njalo wena. Ngibeka uzuka wena ubeka utiki? Yimihlola kaGambu yini lena?	35
MAMLANDULI:	Kodwa nawe mtanami waba yinqaba njalo ngale nkani yakho yokuqophisana noyihlo uze ufune ukuba kugcine elakho. Ingani ubaba ukhuluma isiZulu esiqondile nesicacile nje uma ngabe ethi phuma uphele lapha ekhaya? Kafushane nje usuxoshiwe wena kulo muzi. Uma ulokhu uqhubeke futhi nokudazisana noyihlo inkani, usuzobe usuyinyathele emsileni njalo.	
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	(Ngokushiyana kwamazwi) Ngeke yenzeke leyo nto! Phinde! Sishaya phansi ngonyawo sithi ngeke! Akahambi udadewethu lapha ekhaya. Okungenani singahamba sobathathu phela ...	
LONDIWE:	(Usediniwe) Kanti mame ungingenga kangaka nje uthi mangixolele ubaba ngesule icala uyazi wena ukuthi kukhona umqondo olele kuwo nobaba? Ungincenga ukuba ngihoxise icala nje kanti usuvele usungakhele ugibe nesihibe nangihlanganisela u-V nobaba?	45

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu Sesi-3, ikhasi 79–82]

- 17.1 Nikeza ithoni etholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.2 Yamanisa isigameko sokubuya kukaMdaluli nalokho okwenzeka kulesi siqeshana. (2)
- 17.3 Chaza kafushane ukuthi izenzo zikaMdaluli ziyithuthukise kanjani indikimba yokucwaswa kwezifiki kulo mdlalo. (3)
- 17.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isisusa sodweshu kulo mdlalo. (3)
- 17.5 Chaza isigameko esasifihlelwu umlingiswa onguLondiwe ngokwalesi siqeshana. (2)
- 17.6 Qhathanisa ubudlelwane bukaMdaluli noManqina kanye nobudlelwane bukaMdaluli noMbhebhezeli. (3)

- 17.7 Uhlozeni umbhali ngokwethula umlingiswa onguZayeka kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.8 Ukuphawula kukaMaMlanduli kulesi siqeshana kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 17.9 Ngabe amagama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ashiwo uMdaluli amukelekile yini kuwe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.10 Xoxa ngokucophelela ngesisombululo obungasenza ukuba ububhekene nesimo sokushintshelwa ipasi njengomlingiswa onguHlengiwe. (3)

[25]

**UMBUZO 18 (UMBUZO OMUDE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Lo mdlalo utshengisa ukuthi kukhona amakhosi omdabu abusa ngokwentando yeningi.

Hlaziya lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgommo wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390. [25]

**UMBUZO 19 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA H**

(KuseTsheni ngakusasa kade kudingidwa ekaMphiliphili ngayizolo. Kusendlini kwaMaLuzindela. USalimani uhlezi esihlalweni sakhe esililini sakhe. Njengemihla uchophe uyaconsa. Ngezansana kwakhe kumi umancishana owembozwe ngembenge. Eceleni kwawo kwenye imbenge kubekwe isikhetho. Esalukile ngengqondo kungene uNomehlo.)

5

NOMEHLO: Dwala libushelelezi ngokushelela amadoda asekarya. Ngwazi!  
(Akhuleke qede angene bese ephinda ekhuleka.) Hlobolophatha!

(Akhotame.)

SALIMANI: (Emamatheka ngothotho lwamazinyo akhe amhlophe.)  
Sekwenzenjani mfokaMgingqika, wangena usugingqika nje?

10

NOMEHLO: Wena kaMashwilansimbi. Akukonakali lutho. Ngiphangisa nje ngizobika eNkosini ukuthi naba abafowabo beNkosi esangweni.  
OwakwaNtuthu, owasoDibini, owaseKupholeni, owaseKuphumuleni nowaseNhambamasoka.

SALIMANI: Ubamiseleni esangweni? Anginitshelanga yini ukuthi abafowethu abangalindiswa esangweni. Akothi uma befika bangeniswe?  
Batshele bangene!

NOMEHLO: Yibona abangithume ukuba ngibabike kuqala. Ngwazi!  
(Akhotame aphume.)

MBONGOLO: (Baphakamisa izandla ngaphambili kanye kanye.)  
MNCANJANA Ngwazi! Hlobolophatha! Mathangakahlangani!  
SIKOVA Ahlangana ngoba esebona umyeni.  
GUNDANE  
NODWENGU

20

SALIMANI: (Kuhlehlia izihlathi.) Ngenani nina bakaMashwilansimbi ingemlenze.  
Ngenani bafowethu.

ABAFOWABO: (Bangene qede uSikhova ehlise izikhumba emgiben iahlale phansi.)  
25

SALIMANI: Mfowethu, Gundane thatha nangu umancishana uphuzise abafowethu.

GUNDANE:	(Aphakame qede akhuleke bese ewelela esililini somfowabo. Uzubukula imbenge, uthatha isikhetho qede uyabugovuza utshwala. Uthatha ubuthi qede unikeza uSalimani.)	30
SALIMANI:	(Uthatha amathamo amabili qede alubuyisela kuGundane ukhamba.)	
GUNDANE:	(Uthatha ukhamba uphuzisa abafowabo qede abese elubuyisela ngaphesheya kuSalimani.)	35
NOMEHLO:	Singqungal! Singqwatha! (Engena eyohlala enhla nomsele.)	
SALIMANI:	Beka khona lapho kumfowethu wakwaNtuthu.	
GUNDANE:	(Abuyele emuva nalo ukhamba alubeke phambi kukaNodwengu.)	
SALIMANI:	Umfowethu wakwaVimbingwenya noMphiliphili abakabonakali?	
NOMEHLO:	Bebengakabonakali wena kaMshwilansimbi.	40
SALIMANI:	Bafowethu nawe nduna yami, mfokaMgingqika, usuku Iwakusasa usuku olukhulu emlandweni walesi sizwe sikaBaba. Nizibonele nani kuthangi ukuthi lumi kanjani ugibe olucushwe nguSomtsewu nezijwana zakhe. ( <i>Ubuso bungcole.</i> )	
NODWENGU:	Wakubeka kwasobala bha ukuthi lukhulu baluqondile.	45
SALIMANI:	Ngenxa yokubabucayi kwalolu daba kubaluleke kakhulu ukuba amalungiselelo osuku Iwakusasa enziwe ngokucophelela okukhulu kakhulu. Njengoba ngishilo izolo kule mbizokazi <b>kungagqabuka igoda phakathi kobuhlobu bami noHulumeni.</b>	
ABAFOWABO:	Kunjalo Ngwazi.	50
SALIMANI:	Ngingathanda ukuba nanxa kungeyona inqubo yethu sibayeke abelungu laba uma umhlangano lona befuna siwuqhube ngendlela yabo yakubo. Kodwa ngokwami yimbizo lena. Sikhova, mdidiyeli wamabutho ami, amabutho ami kumele aphelele ngothi Iwawo-ke njengoba sengisikhophile isimemezel. Ngumthwalo osemahlombe akho-ke lowo ukuba uwahlele ngononina avive njengokobudala bawo. Ezinsizweni kuqale uPhelitshe kuye eZinyathini. Ezintombini babekhona uMbakabaka neMbabbhe.	55
SIKHOVA:	Ngwazi!	
SALIMANI:	Kuyodingeka onke amabutho ahlobe ngezemba batho zezigaba zawo nangokwelamana kwavo.	60
SIKHOVA:	Ngwazi!	

[Inkundla Yesi-2, Isigcawu Sesi-4, ikhasi 55–57]

- 19.1 Nikeza ithoni itholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.2 Yamanisa isigameko sokufika kwabafowabo baSalimani nalokho okwenzeka kulesi siqeshana. (2)
- 19.3 Chaza kafushane ukuthi izenzo zikaZithulele ziyithuthukise kanjani indikimba yezombangazwe kulo mdlalo. (3)
- 19.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isisusa sodweshu kulo mdlalo. (3)
- 19.5 Chaza isigameko esasifihlelwe umlingiswa onguZithulele nguSalimani mayelana nembizo okukhulunywa ngayo kulesi siqeshana. (2)

- 19.6 Qhathanisa izindlela zokuthethwa kwecala likaSalimani enkantolo yaseMshwathi kanye neyaseMgungundlovu. (3)
- 19.7 Iyini inhloso yombhali yokwethula abafowabo bakaSalimani kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.8 Indlela abafowabo kaSalimani noNomehlo abenza ngayo izinto kulesi siqeshana ibaveza njengabalingiswa abanjani? (3)
- 19.9 Hlaziya la magama abhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana akhulunuya uSalimani. Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 19.10 Xoxa ngokucophelela ngesisombululo obungasenza ukuba ububhekene nesimo sokuboshelwa icala ongalenzanga njengomlingiswa onguNomehlo. (3)  
**[25]**

**UMBUZO 20 (UMBUZO OMUDE)*****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga***

Ukuba nomhobholo nokuzicabangela wena wedwa kungakwenza ulahlekelwe izinto eziyigugu kuwe.

Hlaziya lesi sitatimende ubhekise kokwenzeka kulo mdlalo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokomgom wokubhalwa kwe-eseyi ibe namagama angama-340 kuya kwangama-390.

[25]

**UMBUZO 21 (UMBUZO OMFUSHANE)*****UBHUKU LWAMANQE – EJ Mhlanga***

Fundisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISIQESHANA I**

(KukwaMakhunga elawunji. UPhindisiwe ulokhu egqolozele phansi izinyembezi zingumfula ebusweni bakhe.)

PHINDISIWE:	(Ekhulumu yedwa.) Kangazi ukuthi uThamsanqa uzwile yini ebengikuswesweza endlebeni yakhe? (Kulowo mnyama kuqhamuke uNkululeko ekamelweni.)	5
NKULULEKO:	Usahlakaniphile kanti namanje? Wenze kahle wamxosha lo mlisa ngoba besengicasuke kabi kuthi ngiphume nesibhamu ngimhlakaze ubuchopho ngenhlamu, ngabuye ngazikhaza.	
PHINDISIWE:	Nkululeko inhlizyo yami ibuhluntu kabi ngale nto ongenza yona. Kangilwazi uthando olunje. Ufuna ngihlupheke kuze kubenini?	10
NKULULEKO:	Kulula nje Phindisiwe. Mina nawe sathembisana ukuthi siyonakekelana. Ngalokho-ke kufanele nawe ufeze isithembiso owasenza. Wangiqoma ungazi ukuthi ngingumuntu onjani.	
PHINDISIWE:	Ngiyakwazi engakwethembisa Nkululeko. Khumbula nawe wangithola ngisenkingeni ngiqeda ukushonelwa yingane kanti noThamsanqa engekho ekhaya izinyanga eziningana impela. Wangithola ngingenamali wangisiza kepha esebuyile uThamsanqa savumelana ukuthi sengizobhekana nezindaba zomshado wami akekho ozokonela omunye. Kangikwazi-ke osekwenzeka manje. Okubuhluntu kakhulu usubhidlize lonke ikusasa lami.	15
NKULULEKO:	Nami elami walibhidliza Phindisiwe. Ukwazi kahle kamhlophe lokho. Ngisize nje ungalokhu ungibalisela. Kusasa ekuseni siyavuka siqonda ebhangi. Ngiyifuna yonke imali elaphaya, uma uhluleka ukwenza lokho kufa umuntu manje.	20
MAKHANGELA:	Ndodana yini ulunya olungaka pho?	25
NKULULEKO:	Ngithi angikuncome salukazana sami uyidlalile indima yakho. Beningazi ukuthi uhlakaniphe ngale ndlela? Nokuba ubuke wabheda inhlamu ibiyokhala enhloko. (Esho emkhomba ngontuluntulu wesibhamu.)	

MAKHANGELA:	(Esehlahle amehlo ngenxa yokuthuswa yisibhamu esikhulukazi ayengakaze asibone empilweni yakhe.) Phindisiwe yenza njengokusho kwakhe umkhwenyana. Ingabe ngiyobabhekela ngubani abakwaMathonsi ngoba phela le nto ebengiyichwensa uThamsanqa yisono esingephinde sixoleleke.	30
NKULULEKO:	Musa ukusioxela inganekwane. (Abheke umngane wakhe uMaqoma.) Umsebenzi wakho ukuthi uqinise indodakazi yakho idolo ingalokhu ihluphana nomphefumulo wethu yenze njengoba ngishilo. Lokho okhuluma ngakho niyosale nikubona seminodwa. Kufanele ngininwayise ukuthi ubulima benu yibona obuyonifaka kwenkulu inkinga lena.	35
PHINDISIWE:	Ngangingazi Nkululeko ukuthi unenhliyo elukhuni ngale ndlela?	40
NKULULEKO:	Kuyokusiza ngani ukubuza lowo mbuzo manje, ngoba wehluleka ukubamba inhliyiyo angithi? Nguwena owangisukela ngiziphuzela nabangani bami. Sonke lesi sikhathi ngangikuthengela ukudla nezimpahla zokuggoka. Imfihlo engiyiggibile uthini ngayo? <b>Izandla ziya gezana ntombi</b> . Sekuyisikhathi sokuthi nawe ungisize.	45
PHINDISIWE:	Sengonakalelw Nkululeko ngenxa yakho. Nami-ke ngibeka le mibandela yokuthi uma imali leyo usuyitholile uyongihlephulela ukuze impilo iqhubekile ngoba ngiyobe ngingasenaye umuntu ongibhekile. Ukhumbule ukuthi uThamsanqa ubeyikho konke ezinganeni zami manje ukwehlukana kwami naye kusho khona ukuthi useyoyeka ukuzondla.	50

[Inkundla Yesi-4, Isigcawu soku-1, ikhasi 79–80]

- 21.1 Nikeza ithoni itholakala ekuqaleni kwalesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.2 Yamanisa isigameko sokubuya kukaNkululeko nalokho okwenzeka kulesi siqeshana. (2)
- 21.3 Chaza kafushane ukuthi izenzo zikaSikela ziyyithuthukise kanjani indikimba yothando lwemali kulo mdlalo. (3)
- 21.4 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU isisusa sodweshu kulo mdlalo. (3)
- 21.5 Chaza isigameko esasifihlelw umlingiswa onguThamsanqa ngokwalesi siqeshana. (2)
- 21.6 Qhathanisa indlela yokukhulisa izingane phakathi komndeni wakwaMakhunga kanye nomndeni wakwaMathonsi. (3)
- 21.7 Uhloseni umbhali ngokwethula umlingiswa onguNkumbulo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.8 Ukuphawula kukaPhindisiwe kulesi siqeshana kumveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)

- 21.9 Hlaziya la magama abhalwe ngokugqamile ashiwo nguNkululeko kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)
- 21.10 Xoxa ngokucophelela ngesisombululo obungasenza ukuba ububhekene nesimo sokuthunjwa oNkululeko njengomlingiswa onguSarah. (3)  
**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPU C:** 25  
**AMAMAKI ESEWONKE:** 80